**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KUKAJUNI 2014**
**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA(ISIZULU 1ST ADDITIONAL LANGUAGE)**

**IBANGA LESHUMI NANYE (GRADE 11)**
**IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2AMAHORA AMAMAKI:80**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Phendula umbuzo ngamunye kanjengoba uyalelwe.
- Bhala ngoPelomagama olwamukelekile.
- Sebenzisa isiZulu esihle.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

## ISIQEPHU A: Ukufunda nokuqondisisa

1.Funda indatshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Ukubingelela kusho ukubonana. Kusho ukwazana. Kusho ukuxhumana. Kusho ukuvuselela ubuhlobo nobuntu. Ngaphandle kokuvuselela nje kwandisa nobuhlobo Ukubingelela kuhlukene kaningi. Abanye bathi ukuvusela kanti abanye bathi ukufisela. Mahle la magama, anemvuselelo nokufiselana izilokotho isibili. Umuntu wazisana nabanye ngoba engehlale esiqhingini. Uma kungenjalo angafa fi.

Ukubingelela akuwona umkhuba kodwa kulusikompilo. Asibingeleli ngoba sifuna ukubukwa noma ukunconywa. Nokho kubuhlungu ukubingelela kungavunywa, kwephula umoya kuqede nothando. Uzwa omunye esethi: 'Hha, la ngidleni yakhe ngingaze ngibe nesimbelambela setoho lokubingelela?' Kanti naye lo usuke esephaphalaza. Uma ubingelelwa engavumi nguyena osala nentshidi nesidanga sevondwe.

Ukubingelela kuyisiqalo esimqoka ngoba singasekuqaleni kwenkulumo. Uma umuntu eqala inkulumo engabingelelanga sengathi uyabeya labo akhuluma nabo. Ongabingeleli udala ukuthi inkulumo yakhe ingathakaseleki, ingahlwabusi ngoba akaxhumene nalabo akhuluma nabo. Angiphathi-ke uma uzothi: 'Mabandla kaMjokwane kaNdaba!' Usuke **esebahlabe umxhwele**. Kusho ukuthi uyabazi, wazi nemvelaphi yabo. Uma umuntu ekubingelela akuthophe nangezithakazelo zakho, **ukuthinta amanoni** kuthi cosololo.

Ukubingelelana kumikhakha miningi. Ukuxhawula kusho ukwamukelana nokungenyanyani. Kusho ukusondelana nokungexwayani. Kuzwakala nangokuqina kwesandla nje yisona esikhuluma siyiqede indaba. Inkulu indaba esebusweni, uma umuntu ekubingelela ngenhliziyo emhlophe umbona lapha ebusweni ngoba buyachachamba.

Indlu emnyama ayinaso isikhathi esinqunyelwe sokubingelela. Asisho ukuthi: 'Sawubona ekuseni', 'Sawubona ntambama'. Lokhu kungathatha kubulale ubuhle bokubingelelana. Kungasidalela umsebenzi wokubheka iwashi ngaphambi kokuvuma. NgokwesiZulu awukwazi ukubingelela umuntu ekude kodwa ulinda nize nisondelane. Esilungwini kubingelelwa ngesikhathi futhi awubingeleli umuntu ongamazi, hleze uzidonsele uhoshahosha lwemibuzo. Ngokwabantu abansundu ubingelela nomuntu ongamazi inqobo nje uma engumuntu.

Umuntu ongazihluphi ngokubingelela uyadabukisa. Akazi ukuthi umuntu ungumuntu ngabanye abantu. Lo muntu wehlulwa nayisilwane uqobo. Izilwane uma zihlangana ziye zinukane. Uma zehlukana lapho ziyalwa. Nazo indlela yazo leyo yokuxhumana. Noma ungaziwa kahle umlando wezilwane, kodwa kuyaziwa ukuthi ziyabhonga uma zizwa umswani wesinye isilwane esinjengazo. Kusho ukuthi uma nakubantu ehlulwa ukubingelela, okungenani akakhombise ngobuso obuchachambile ngoba phela akakwazi ukuvula umlomo abingelele. Abantu abazona izilwane ababingelelane.

1.1.Yiphe isihloko esiyifanele le ndaba engenhla. (1)

1.2.Kuchaza zinto zini ezimbili ukubingelela? (2)

1.3.Tomula isaga esigabeni sesibili esisho ukuthi ongavumi uma ebingelelwa uba sebunzimeni aswele into engamsiza. (2)

1.4.Bhala okubili okwenza ukubingelela kwesiLungu kwehluke kulokho kukaZulu. (2)

1.5.Kusho ukuthini ukuthi umuntu ungumuntu ngabantu? (2)

1.6. Zichaza ukuthini lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo?

1.6.1 Ukuhlaba umxhwele. (2)

1.6.2 Ukuthinta emanonini (2)

1.7. Tomula amagama endabeni asho okufanayo nalokhu uwabhale phansi:

1.7.1.Ukuphambuka endleleni efanele. (1)

1.7.2.Ubathatha njengabadelelekile. (1)


1.7.3.Kuba nenhlansi yenjabulo. (1)

1.8.Yisho imikhuba emibili eyenziwa yizilwane ngokwendaba ukukhombisa ubudlelwane bazo. (2)

1.9.Sifundo sini wena osithole kule ndaba? (2)

[20]

2.Buka ikhathuni bese uphendula imibuzo ehambisana nayo ngemisho ephelele.



2.1. Belunini ukhetho lukazwelonke eNingizimu Afrika ngo 2014? Bhala usuku,inyanga nonyaka. (3)

2.2.Inhlangano eyengamele ukhetho eNingizimu Afrika ibizwa nge IEC.Bhala ngokugcwele lesi sifinyezo. (3)

2.3.U-inki osesithupheni ubaluleke ngani? (2)

2.4. Umuntu uvunyelwe ukuvota kusukela eneminyaka emingaki eNingizimu Afrika? (1)

2.5. Ubungaqedela ngokuthini lokhu: Ongavotanga-ke useyobonakala...... (1)

[10]

**ISIQEPHU B: ukufingqa**

3.Funda indaba elandelayo bese uyifingqa ngamagama akho angamaphuzu ayisikhombisa.Amagama uma usuhlanganisa awawo wonke amaphuzu abe ngamashumi amahlanu (50).

UKUBALULEKA KOKUFUNDA IZINCWADI

Uma singabheka izingane ezihlale zifundelwa izincwadi kusukela zincane zifunda kalula esikoleni kunalezo ezingafundelwa. Njengoba singabazali nje yithina esingothisha ababalulekile ezinganeni zethu. Kufanele sifundele izingane zethu njalo, zonke izinsuku, nangezikhathi zonke. Okufundiwe kufanele kukhulunywe ngakho ngalolo naloIo suku.

Umzali kufanele ahlale enezincwadi zokufunda endlini. Lezi zincwadi mazibe seduze nezingane zikhathi zonke. Ungazibeka ngisho naphansi ukuze ingane izithole kalula, ukuze ikwazi ukufunda noma umzali engekho. Ingahlali ingafundi ngoba ithi ilinde umzali. Kuhle ube yisibonelo esihle enganeni ngoba lokho okwenzayo kubaluleke kakhulu. Abanye bomndeni nabo kufanele babe khona uma kufundwa izincwadi. Lokhu kuyayikhuthaza ingane futhi kuyenze ibone ukuthi ukufunda kuyinto ebalulekile.

Kuyinto enhle ukuthi umzali athengele ingane yakhe isipho sezincwadi. Lokhu ungakwenza ngosuku lokuzalwa noma ngoKhisimusi. Ungazenzela nendawo esamtapo wezincwadi (library) khona ekhaya lakho. Ukufunda kufanele kwenziwe kube mnandi. Uma ingane isencane ungayitholela izincwadi ezinopopayi abathandwa yizingane bese uyifundela zona. Ukufunda kungaba mnandi uma ulingisa ubuye ushintshe nezwi. Okubalulekile kakhulu ukuthi uma ufunda ukhombise umdlandla (enthusiasm).

Ukuvakashela umtapo wezincwadi kubalulekile nakho. Kuhle uye nayo njalo emtatsheni wezincwadi ukuze ingane ifunde ukuzikhethela izincwadi ezithandayo. Kuhle ukuthi izingane zikhethe into ezifuna ukuyifunda ukuze zibe nomdlandla wokufunda. Ukufunda izincwadi kuyindlela yokwandisa ulwazi, ngoba ulwazi lwenza azethembe.

Kubalulekile ukuthi ingane uyifundise nokufunda izincwadi ezibhalwe ngolunye ulimi, kungabi ezolimi lwakho kuphela. Uma uzokwenza lokhu qaphela ukuthi ulimi olusetshenzisiwe lulingana nomqondo wengane. Nendaba ingane eyifundayo kufanele ilingane nomqondo wengane. Okunye okungasiza ukuthi izingane uzifunele izincwadi ezinemidwebo. Zonke lezi zinto ziyoyenza ingane ithande ukufunda.

**[10]**

**ISIQEPHU C:Uhlelo nokusetshenziswa kolimi.**

4.Phindela endabeni esesiqeshini A uyifunde bese wenza okulandelayo.


4.1. Bheka <u>amabizonto amabili</u> endabeni wakhe ngawo imisho engahambelani nakancane nendaba.Umusho ungedluli emagameni <u>amahlanu.</u> (4)


4.2.Tomula amabizo akulezi zigaba ezilandelayo uwabhale phansi encwadini yokuphendulela.


4.2.1. isigaba 3 (1)
4.2.2.isigaba 15 (1)
4.2.3 isigaba 1 (1)
4.2.4. isigaba 8 (1)
4.2.5.isigaba 6 (1)
4.2.6. isigaba 9 (1)

**[10]**

5.Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese wakha imisho echasisayo ehambisana nazo usebenzisa lezi ziqu zokuchasisa.







5.1. –hle (2)
5.2. –khe (2)
5.3.-mnyama (2)
5.4. –ningi (2)
**[8]**

6.Funda isiqephu esilandelayo bese ulungisa amaphutha emagameni abhalwe ngokunzima.

6.1.U**mambuyazi** uhlangane nomfana ekuseni ombingelele wathi"6.2. **heita.**
6.3. **wathulanje** akangamphendula.Ube 6.4.**esezibonelake** 6.5.**lomfana** ukuthi Ushayise ngokubingelela uthisha wakhe wesiZulu 6.6.**ngeEnglish.** [7]

7. Bhala igama **elilodwa** esikhundleni salawo amaningi abhalwe ngokunzima.
Bhala impendulo kuphela.

7.1**Izingane ezimbili zakhe zazalwa kanyekanye** ngonyaka odlule.
7.2. UZakhele use**yingane engenabazali.**
7.3. UNomusa **ungukuphela kwengane kubo.** [3]

8.Qedela le misho ngezenzukuthi ezifanele.Bhala igama kuphela.

8.1.Kwakulele iqhwa kumhlophe.........ezintabeni.
8.2. Kuwe isaka lempuphu lathi........phansi.
8.3.Ngizwe kuthi...... kanti seliyayithela phandle. [3]

9. Bhala imisho <u>emibili</u> ngegama ngalinye ukuze kuvele izincazelo zalo ezimbili ezingefani.

9.1.inyanga
9.2 isonto
9.3 abathakathi **[6]**

10.Abakwabani esibathakazela sithi:?

10.1.Qwabe!
10.2 Ndabezitha !
10.3.Nomndayi ! [3]

**ISAMBA SESISONKE :80**